

Iseleleko

Salabo abasebenza nokudla


ngo Anelich Consulting

Anelich
Consulting FOOD SAFETY SOLUTIONS



* FUNDA IDISCLAIMER ENZANSI

Izimpawu zegciwane iCorona Virus ▼ ▼ ▼



Eziningi zalezimpawu zicishe zifane nomkhuhlane.

Leligciwane lizwakala kakhulu kubantu abanokushisa kwamaphaphu nezinye izifo.

▼ ▼ Indlela leligciwane elithelelana ngayo ▼ ▼




Umuntu ngomuntu,
nokuthintana
Noma
ngokuxhawulana



Uma umuntu onalo
igciwane, ekhwehlela,
noma ethimula, idluliswa
ngamathe amancane



Ukuthinta izindawo
eziphethe leligciwane



© Anelich Consulting 2020

E & OE

www.anelichconsulting.co.za

Izeluleko

Salabo abasebenza nokudla

ngo Anelich Consulting

* FUNDA IDISCLAIMER ENZANSI

- Geza izandla zakho kaningi namanzi nensipho
 - Ukwenze imizuzwana ewu20 (ucule iHappy Birthday kabili)
- Ugeze neminwe, ngaphansi kwezinzapho nezingalo.
- Kumele ugeze izandla uma:
 - Ufike endlini noma emsebenzini
 - Ubuphumile waya ezitolo, emphakathini, uma uke wasebenzisa itransport
 - Umawathinta izinto njenge mali, izicabha, indonga nenqola zasetolo
 - Uma uke wasula amakhala
 - Ngaphambi kokuthi upheke noma udle ukudla
- Uma engekho amanzi nensipho, sebenzisa insipho yamanzi, isanitizer leli enotshwala bungabi ngaphansi ka60%.
- Kodwa amanzi nensipho angcono uma usebenza nokudla.
- Vala umlomo namakhala uma ukhwehlela noma uthimula, usebenzise ithishu, ungasebenzisi izandla zakho.
- Njalo, sula ucingo lwakho ngethishu ulandele usule nge sanitiser.
- Lahla amathishu akho emgqonyeni ngalesosikhati, uhlanze izandla zakho.
- Ungasondeli kubantu obona ngathi banomkhuhlane, kakhulu uma bethimula noma bekhwehlela. Gcina umgama ongange 2m phakathi kwakho nomunye umuntu.



Indlela yokuvimbela ukuyithola nokuthelelana naleligciwane iCorona

Izinto ongazenza uma ucabanga ukuthi likuphethe leligciwane:



- ◆ Zivalele endlini ungasondeli kwabanye abantu
- ◆ Shesha wazise umqashi wakho, uphinde uthole ulwazi oludingakele ngaleli gciwane
- ◆ Phuthuma ushayele lenamba yocingo:

0800 029 999

Bangenzenjani abantu abasebenza nokudla endaweni zabo zokusebenza

Okwamanje leligciwane alithelelani ngokudla kodwa kumqoka ukuthi silandele imiyalezo yenhlazeko njalo kakhulu uma sisebenza nokudla.

Njengoba safundiswa indlela okufanele senze ngayo umasihlanza izandla, sisebenzise insipho namanzi neSanitizer uma kudingekile.

Isikhumbuzo kulaba abasebenza nokudla, ukuthi izandla zizegwa kanjani:

- ◆ Ngaphambi kokugqoka impahla zasemsbenzini
- ◆ Ungaka ngeni lapho osebenzela khona
- ◆ Ngaphambi kokuthinta ukudla okuphekiwe nokusazophekwa
- ◆ Ngaphambi nangemva kokuthi uthinte ukudla okungaka phekwa
- ◆ Emva kokuthi uthinte izibi nemigqomo
- ◆ Emva kokuthi uhlanze indawo obusebenzela kuyo
- ◆ Uma uqeda ukusebenzisa indlu encane, itoilet
- ◆ Emva kokuthi wakhwehlela noma wathimula
- ◆ Uma usudlile, waphuza noma wabhema
- ◆ Emva kokuthinta imali

- **UNGATHINTI** amehlo, amakhala nomlomo uma ungazigezanga izandla zakho kuqala.
- **UNGATHINTI** abantu okungenzeka baphethwe legciwane uma nibingelelana.
- **UNGASEBENZISI** indwangu ukusula amakhala, sebenzisa ithishu elilahlwayo.



Isaziso! Iningi labantu abalitholile leligciwane sebelaphile

Singayinqoba leligciwane uma sisebenza ndawonye sonke ngokuzibheka, nokuzihlanza nanokuthi sithole ulwazi oludingakalayo ngaleligciwane iCorona

www.anelichconsulting.co.za



@AnelichConsult1

@anelichconsulting.co.za

* DISCLAIMER

Lesi seluleko sishicilelwe inkampani Anelich Consulting ngokuzikhethela futhi sikhishwe ngenhloso emsulwa ukusiza abasebenzi embonini yokudla. Izeluleko zisuselwa kwiminingwane eshicilelwe iWorld Health Organization neminye iminyango yezempilo. Izeluleko azenzelwe ukumelana nezeluleko zezempilo. uAnelich Consulting abakwazi ukubekwa icala nangayiphi indlela ngezinsolo, amaphuta nezotolika lwalezindaba noma eziphi ezinye izinkinga ezingavela kulokho okwabhalwa kulelizuleko.

E & OE